

# Ukugoduka

Ibhalwe nguZaheera Jina Asvat
Imifanekiso nguJulie Smith-Belton

Ngihleli eduze kukaGogo otshanini. Sibukele isibungu sishintsha siba uvemvane. UGogo uthi le nguquko ibizwa ngokuthi yimethamofosisi. "Imethamofosisi" yigama elikhulu.

"Bheka, Yusuf," kuhlebeza uGogo.

Igobolondo ebekucashe kulo isibungu liyaklayeka bese livuleka kancane, ucezu nocezu, kuze kuphume uvemvane olunombala obomvu nomnyama. Uvemvane luyaphumula, lomisa izimpiko zalo, bese lundiza luya kude.



UMama uthi sidinga ukuthutha siye komunye umuzi lapho kuzoba khona izikole ezingcono. Lokho kuyangidabukisa. Selokhu ngaba yimina nje ngihlala noGogo. Uma sithutha, ingadi entsha kungenzeka ingabi nomlingo njengale. Kungenzeka ngibe ngedwa. Ngiyesaba.

UGogo uthi zonke izidalwa zeNdalo ziyazalwa, zikhule zibe-ke sezihamba. Nezinyoni ziyakwenza lokho futhi. Zindiza ziye ezindaweni ezifudumele ebusika. Nembodla ensunjwana eyayilala endundumeni yethu yesihlabathi nayo yahamba.

Ngiyazibuza ukuthi mina ngizokhula ngibe ubani. Ngabe ngiyoya kwenye indawo? Angifuni ukwenza kanjalo.

"Bheka, Yusuf!" kumemeza uGogo. Imbodla ensunjwana, isibuyile ihleli odongeni. Igxumela phansi bese iya endundumeni yesihlabathi. Ifike izisonge phezu kwesihlabathi. Ikati lethu ebeleduklile selibuyele ekhaya.

Kulungile ukuthi nami kengithuthe. Ngiyakwazi ukubuye ngibuyele engadini enomlingo kaGogo.



# Ukugoduka

Ibhalwe nguZaheera Jina Asvat • Imifanekiso nguJulie Smith-Belton

## Imibono okungaxoxwa ngayo

U-Yusuf uhlala nomama wakhe nogogo. Wena uhlala nobani?

Cabanga ngezinguquko ezenzeke ekuphileni kwakho. Wazizwa kanjani ngalezi zinguquko lapho zenzeka? Uzizwa kanjani ngazo manje?

## Ezibonakalayo

Bhekisisa isithombe emakhasini amabili okuqala endaba. Ungakwazi yini ukuthola:

- izinyoni ezintathu
- izicabucabu ezimbili
- isibungu
- i-chrysalis
- umvemvane?

## Ukufunda

Lena indaba emayelana noshintsho. Ungakwazi yini ukuthola zonke izinto ezishinthile ezihlukile ezisendabeni u-Yusuf azibonayo noma acabanga ngazo?

## Ukubhala

Bhala inkondlo ye-acrostic emayelana noshintsho. Qala umusho ngamunye wenkondlo ngohlamvu olusegameni elithi "ushintsho", kanje:

U
S
H
I
N
T
S
H
O

## Umsebenzi wezandla

Yenza umvemvane. Goqa iphepha lube uhhafu. Penda amadothi athile kapende ohlangothini olulodwa lwekhasi bese ugoqa iphepha ukuze upende unamathele kolunye uhlangothi. Vula iphepha. Lapho upende usuwomile, dweba isiqu somvemvane oluvule amaphiko ulandela amadothi opende kulo lonke iphepha. Sika isiqu somvemvane. Namathisela ingxenye emaphakathi kuyiroli yephepha lasethoyilethi. Nezela ezinye izingxenye zomvemvane ezenziwe ngephepha noma amakliphu ephepha.

## Ukusebenza

Dlala umjikelezo wokuphila komvemvane:

1. isibungu esihamba emacembeni futhi siwadle
2. isibungu esishintsha sibe i-chrysalis
3. isibungu esiphakathi kwe-chysallis
4. i-chrysallis iyavuleka bese kuphuma umvemvane
5. umvemvane olundizayo.